

A vibrant cosmic scene featuring a bright sun with radiating rays in the upper right, set against a backdrop of colorful nebulae in shades of yellow, orange, red, and blue. In the lower foreground, a large, dark, cratered planet (resembling Mars) and a smaller, dark sphere are visible against the starry background.

IMFIHLAKALO KANKULUNKULU

ISAMBULO 10:7

UHLU Uhlu LokuQukethwe

LOKUQUKETHWE

- 
- 2 OkungaPhezu kwemvelo
- 8 Ukwahlulelwa
- 12 IGama
- 16 UkuPhila Kamuva
- 22 ISono sasekuQaleni
- 28 USuku Olwesabekayo
LweNkosi
- 34 IZwi

www.umlayezo.org

noma

VOICE OF GOD RECORDINGS
SOUTH AFRICA OFFICE

58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140
WESTERN CAPE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NGABE UNKULUNKULU USAYENZA YINI
IMISEBENZI YAMANDLA NJENGOBA
ENZA EBHAYIBHELINI NA?

WAKE WAZIBUZA YINI UKUTHI
KUNGANI UTINGEKA UKUBA
UBHAPHATHIZWE NA?

NGENXA YOKUTHI NJE UYILUNGA
LEBANDLA, NGABE LOKHO KUCHAZA
UKUTHI USINDISIWE NA?

KWENZEKANI NGEMPELA PHAKATHI
KWENYOKA ENOBUQILI NO EVA ENSIMINI
YASE EDENE NA?

BEWAZI YINI IBHAYIBHELI LETHEMBISA
UKUTHI IMFIHLAKALO KANKULUNKULU
IYAKUFEZWA NGALEZIZINSUKU
ZOKUGCINA NA?

SEKUYISIKHATHI SEZIMFHLAKALO UKUBA
ZIVULWE ISIHLUTHULELO FUTHI ZEMBULWE
EZWENI.

**UYAVUMA UKUZWA IZWI
LIKANKULUNKULU LEQINISO NA?**

Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha icilongo, **imfihlakalo** kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokho azazisa izinceku zakhe abaprofethi.

ISAMBULO 10:7

Okungaphezu kwemvelo

JOHANE 14:12

*NGIQINISILE, NGIQINISILE, NGITHI KINI,
OKHOLWA YIMI, IMISEBENZI ENGIYENZAYO
MINA NAYE UYAKUYENZA; NEMISEBENZI
EMIKHULU KUNALE UYAKUYENZA;
NGOKUBA MINA NGIYA KUBABA WAMI.*

MARKU 16:17-18

*NALEZIZIBONAKALISO ZIYAKUBALANDELA ABAKHOLWAYO;
NNEGAMA LAMI BAYAKUKHIPHA AMADEMONI; BAYAKUKHULUMA
NGEZILIMI EZINTSHA;
BAYAKUPHATHA IZINYOKA EZINOBUQILI; FUTHI UMA BEPHUZA
OKUBULALAYO, AKUSOZE KWABA NANGOZI KUBO; BAYAKUBEKA
IZANDLA PHEZU KWABAGULAYO, FUTHI BAYAKUSINDA.*

Sonke singawaphenya amakhasi eBhayibheli futhi sibone ukuthi uNkulunkulu wenza izimangaliso: UMose wehlukana uLwandle oluBomvu, uElija wabiza indlala, uJesu wahamba phezu kwamanzi, nabafundi baphilisa abagulayo.

Kunezinkulungwane zezehlakalo ezimangalisayo eziqoshwe eBhayibhelini. Uma uNkulunkulu efakaza ngezibonakaliso nezimanga, pho ziphi izimangaliso zaKhe namuhla na? Angawuphilisa umdlavuza njengoba Aphilisa uchoko eBhayibhelini na? Kuthiwani ngeNGCULAZA noma umalal'eveva na? Usengasenza isimangaliso na? Yebo, uNkulunkulu usazenza izimangaliso nalezizibonakaliso ziyabalandela abakholwayo.

Manje, bukani bangani, cabangani ngeNkosi uGeorge waseNgilandi, ngenkathi ephiliswa ekuqineni kwemithambo emininginingi,

ngenkathi sasinomkhuleko wakhe. Cabangani ngoFlorence Nightingale, (ugogo wakhe, umqambi wesiPhambano esiBomvu), wayethi akabe ngamaphawondi angamashumi ayisithupha esisindo, elele efa ngaleya enomdlavuza ethunjini lenanzi yesisu, elele lapho efa. Ijuba elincane landizela ehlashaneni lapho noMoya kaNkulunkulu uyafika wase uthi, "ISHO KANJE INKOSI, uzophila." Futhi usesinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu-nanhlanu ephile saka.

Cabangani ngendoda kaKhongolose uUpshaw ehlezi eboshelwe ezihlalweni nasembhedeni unyaka nonyaka, iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha. Futhi ngesikhashanyana nje ngqo waphakama wama ngezinyawo zakhe, wagijima edabula endlini, wathinta izinzwani zakhe, wenziwa waba ngowejwayelekile futhi waphila ngokupheleleyo.

Cabangani nje ngezinkulungwane nezinkulungwane zabantu ephilisiwe. Sihlaleleni lapha size sife na? Asenze okuthize ngakho.

Yiba nokukholwa uma ugula noma unokudinga. IBhayibheli lithi uJesu Kristu nguyena izolo, nanamuhla, naphakade, ngakho uma Wayekwazi ukwenza isimangaliso eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ezedlula, khona-ke Uyakwazi ukwenza okufanayo namuhla. Wasithembisa ukuthi siyaphiliswa, uma kuphela besingakholwa.


UWilliam D. Upshaw wasebenzela ePhalamende Yabamele abantu bonke eUnited States iminyaka eyisishiyagalombili futhi wangenela ukuba ngumongameli ngo 1932. Ingozi yokulima yamkhubaza njengomntwana, futhi wachitha iminyaka engama 66 phakathi kokuthi ahambe ngezinduku zokuqhugela noma abe sesihlalweni esinamasondo. Ngo 1951, waphiliswa ngokupheleleyo futhi wahamba ngokuphelele zonke izinsuku zokuphila kwakhe.




UFlorence Nightingale, isihlobo esiqhelile somhlangikazi odumile, wayenomdlavuzo ekupheleni kwesisu. Wathumela lesisithombe njengesicelo sokucina somkhuleko ngaphambi kokuba umdlavuzo ekugcineni uthathe impilo yakhe. Njengoba ningabona, wayeseduze kokufa ngaphambi kokuba iNkosi uJesu imphilise ngo 1950. Isithombe esilandelayo sathathwa emva kokuphiliswa kwakhe futhi sathunyelwa njengobufakazi ukuthi uNkulunkulu usabaphilisa abagulayo.



UTris Griffin waya eofisi likadokotela ngasekuqaleni kuka 2013 ngenxa yobuhlungu beqolo ayesaba ukuthi babungaba ngukuphinda benzeke bempi yakhe ngomdlavuzo. IMRI yakhombisa uku "juquka komthambo omkhulu iayotha" enhliziyweni yakhe, okwaholeda ukuba odokotela benze ukuhlola okuqhubekayo futhi bahlelele ukuhlinzwa okuphuthumayo ngosuku olulandelayo. Ulayini odlulela enhliziyweni ngomfanekiso ngumfantu osobala ongachaza okusheshayo nokufa cishe impela ngqo uma kugqobhozwa.



Ngosuku olulandelayo, emva kokuba amakholwa emkhulekele, odokotla benza okunye ukusebenza kweCT skeni ukukhomba ngqo okwakhele khona umfantu ngaphambi kokuhlinza. Ngalesikhathi, imifanekiso yakhombisa inhliziyi ephile saka. Odidekile, udokotela ohlinzayo watshele uNkk. Griffin, "Angazi ukuthi ngizokutshelani. Ubunokujuquka komthambo omkhulu iayotha, kodwa manje bonke ubufakazi obubonakalayo abusekho." Wamkhombisa imifanekiso ngaphambi komkhuleko, nangasemva-ke. "Ukhululekile ukuthi uhambe, futhi empeleni, akukho-phawu lomdlavuzwa futhi. Uphila ngokuphelele."



(kwesokunxele) Umcibisholo kadokotela ukhomba emthanjeni omkhulu iayotha, okumnyama, indawo eyisiyingilizi esenta yomfanekiso. Ulayini womdweba otshekile odabula kuwo ngukukhukumala komthambo iatari, noma "ukujuquka" komthambo iayotha, edinga ukuhlinzwa okusheshisayo futhi kuyabulala uma ugqobhoka. (ngaphezulu) Iskeni sesibili sathathwa ngosuku olulandelayo. Ukujuquka kwashabalala nya futhi akuphindange kubuye.

Izinkomba

AMAHUBO 103:2-3

Ibonge iNKOSI, O mphefumulo wami, futhi ungakhohlwa yimisebenzi yonke yakhe yomusa: Yena othethelela zonke izono zakho; owelapha zonke izifo zakho;

ISAYA 53:5

Kodwa yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwayo; nangemvimbo yayo siphilisiwe thina.

MARKU 16:17

Nalezibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha;

LUKA 17:6

Yayisithi iNkosi, Uma beninokukholwa okungangenlamvu yesinaphi, beningasho kulomthombe, Simbuka, utshaleke elwandle; futhi ubuyakunilalela.

JOHANE 14:12

Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza; nemisebenzi emikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba mina Ngiya kuBaba wami.

I KWABASETHESALONIKA 1:5

Ukuthi ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela, kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele, nangokwethemba okukhulu; njengokuba nazi ukuthi saba ngabantu abanjani phakathi kwenu ngenxa yenu.

AMAHÉBERU 2:3-4

Thina siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka; okwakhulunywa kuqala ngeNkosi, kwaqiniswa kithina yilabo abamuzwayo;

uNkulunkulu futhi efakaza kanye nabo, ngezibonakaliso nangezimangaliso, nangemisebenzi yamandla eyizinhlobonhlobo, nangokwabelwa kukaMoya oNgcwele, ngokwentando yakhe na?

AMAHÉBERU 13:8

UJesu Kristu nguyena izolo, nanamuhla, naphakade.

JAKOBE 5:15

Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, iNkosi imvuse; futhi uma enzile izono, uzakuthethelelwa zona.

I PETRU 2:24

Yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi thina, sesifile ezonweni, siphile ekulungeni: oyena imivimbo yakhe naphulukiswa ngayo.

UKWAHLULELWA

Ukwahlulelwa

IHUBO 96:13

EBUSWENI BENKOSI: NGOKUBA

IYEZA, NGOKUBA IYEZA

UKWAHLULELA UMHLABA:

IYAKWAHLULELA IZWE

NGOKULUNGA, NABANTU

NGEQINISO LAYO.

Kunezinkulungwane zamahlelo ehluken ezweni namuhla. Inkolo ngayinye igxeka enye, nokho zonke zithembisa insindiso ngehlelo *lazo*. Sazi kanjani ukuthi yiliphi esifanele silikhethe na?

Uma sikhetha ibandla eliKatolika, khona-ke *semukela ukunxusela kwabangcwele*, okungehlukile nokukhuleka ezithixweni. IBhayibheli lithi, “Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu Jesu;” (I Thim 2:5). Umpristi ubizwa ngo “Fata” okwanqatshelwa nguJesu kuMath 23:9: “Futhi ningabizi-muntu emhlabeni ngokuthi uyihlo: ngokuba munye uYihlo, osezulwini.” I-Assemblies Of God isitshela ukuthi ukukhuluma ngezilimi kungubufakazi bokuqala obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, ngenkathi

uPawulu ethi, “Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, kepha ngingenalo uthando, ngiyithusi elikhencezayo, noma insimbi encencethayo.” (I Kor 13:1)

Cishe impela onke amahlelo ayashesha ukusitshela ukuthi izinto eziningi eBhayibhelini zitolikwa ngokungesikho, zalahleka ekuhunyushweni, noma azisebenzi ezweni lanamuhla. Ngakho, ngabe sifanele sikholwe iBhayibheli yini noma izimfundiso zehlelo na? Yini uNkulunkulu ayoyisebenzisa njengomgomo wokwahlulelwa na?

Uma bengingabuza iKatolika lapha kulobubusuku, “Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyolehlulela ngani izwe na?” IKatolika lithi, “NgeBandla eliKatolika.” Kulungile, manje liphi lona iBandla eliKatolika na? Manje banelaseRoma, iBandla lomthetho lamaGrekhi, namaningi awo. Bekungaba yilona liphi iBandla eliKatolika na? ILuthela lithi, “Ngathi,” khona-ke nina Baptisti niphandle. Bese kuthi-ke uma besingathi, “NgeBaptisti,” khona-ke nina maPentecostal niphandle. Ngakho bekungaba ngukudideka okukhulu, akekho obezokwazi ukuthi enzenjani; ngakho Akazange athembise ukwahlulela izwe ngebandla.

Wathembisa ukwahlulela izwe ngoKristu, noKristu yiZwi. NeBhayibheli yilokho okuyokwahlulela izwe, okunguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade.

Izinkomba

JOHANE 1:1

Ekugqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.

JOHANE 1:14

ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu (sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise,) egcwele umusa neqiniso

JOHANE 5:22

Ngokuba noYise kahluleli-muntu, kodwa ukunike iNdodana konke ukwahlulela:

JOHANE 12:48

Ongalayo, engamukeli amazwi ami, unomahlulelayo: izwi engalikhulumayo, yilona eliyakumahlulela ngosuku lokugcina.

KWABASE-EFESU 1:5-7

Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe,

Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe, asiphe wona ngesihle ngaye othandiweyo.

Esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono, ngokwengcebo yomusa wakhe;

KWABASE-EFESU 2:5-8

Sesifile ngeziphambeko, wenza siphile kanye noKristu, (kungomusa nisindisiwe;)

Futhi wasivusa kanye naye, wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu kuKristu Jesu:

Kuze kuthi ezikhathini ezizayo abonakalise ingcebo enkulu yomusa wakhe ngobubele bakhe kithina kuKristu Jesu.

Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokho akuveli kini: kuyisipho sikaNkulunkulu:

I JOHANE 1:7

*Kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni, khona sinenhlanganyelo omunye nomunye, **negazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.***

ISAMBULO 22:18-19

Ngokuba ngiyafakaza mina kubo bonke abezwayo amazwi esiprofetho salencwadi, Uma ekhona owenezela kulokhu, uNkulunkulu uyakwenezela kuye izinhluho ezilotshiwe kulencwadi:

Futhi uma ekhona osusa utho kuwo amazwi encwadi yalesisiprofetho, uNkulunkulu uyakususa isabelo sakhe encwadini yokuphila, nasemzini ongcwele, nakulokhu okulotshiwe kulencwadi.



MARKU 16:16

OKHOLWAYO ABHAPHATHIZWE

UYAKUSINDISWA; KEPHA

ONGAKHOLWAYO UYAKUL AHLWA.

IZENZO 2:38

UPETRU WAYESETHI KUBO, PHENDUKANI, YILOWO NALOWO ABHAPHATHIZWE EGAMENI LIKAJESU KRISTU KUKHO UKUTHETHELELWA KWEZONO, KHONA NIYAKWAMUKELISWA ISIPHIWO SIKAMOYA ONGWELE.

Ngokusobala, umbhaphathizo usemqoka kakhulu, kodwa ngabe kunendaba ukuthi sibhaphathizwa *kanjani* na? Ukhona yini umbhaphathizo oqondile, kumbe noma yini iyosebenza na? Uma ulikholwa iBhayibheli, khonake YEBO, ukhona umbhaphathizo oqondile.

Iningi lamabandla libhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, kodwa lokhu akusikho okuqondile ngokweBhayibheli.

EZenzweni 19, kwakunabantu abathize abase bevele bekholiwe kuJesu Kristu, kodwa babengakamemukeli nokho uMoya oNgcwele ezinhliziyweni zabo. Umphostoli uPawulu wayeyazi indlela eqondile ukwemukela uMoya oNgcwele, ngakho wababuza, *“Pho nabhaphathizelwa kukuphi na?”* Base bethi, *“Embhaphathizweni kaJohane.”* (IZenzo 19:3) UPawulu wabona ukuthi babengabhaphathiziwe ngokomyalelo kaPetru eZenzweni 2:38, ngakho wabayala ukuba baphinde babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu. Manje-ke, njengoba kwethenjiswa, bemukela uMoya oNgcwele.





Ngakho, abafundi babhaphathizelani eGameni likaJesu kanti uJesu, qobo lwaKhe, wabatshela ukuba babhaphathize **eGameni** (hhayi “amagama”) kaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele na? (UMath 28:19) Benza iphutha na? Qhabo! Benza khona impela njengoba bayalwa.

Njengoba ufunda loludatshana, cabanga ngegama lakho. Uyindodana na? Ngabe igama lakho u, “Ndodana” na? Ungumama na? Ngabe igama lakho u, “Mama” na? Impela qha, lezo kalula yiziqu nje. Unegama langempela, futhi unjalo noNkulunkulu.

Nansi impendulo:

Futhi ayikho into enjalo eBhayibhelini enjengokuthi ukhona noma ubani owake wabhaphathizwa egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; ngoba ayikho into enjalo. UYise akukho-gama; neNdodana akukho-gama; noMoya oNgcwele akukho-gama; kodwa iGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele yiNkosi uJesu Kristu.

UJesu Kristu nguNkulunkulu! UnguYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.

Uma ufuna uMoya oNgcwele futhi umangala ukuthi kungani iNkosi ingakakuniki yena nokho, khona-ke ungafuna ukuzibuzisa wena uqobo umbuzo ofanayo uPawulu awubuzayo, “Pho nabhaphathizelwa kukuphi na?”

Izinkomba

MATHEWU 28:19

Ngalokho hambani, futhi nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele: [Ubani iGama likaYise na? IGama leNdodana na? IGama likaMoya oNgcwele na?]

MARKU 16:16

Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.

JOHANE 5:43

Ngize egameni likaBaba wami futhi aningamukeli: uma kuza omunye ngelakhe igama, niyakumamukela yena: [Uma Eza ngeGama likaYise, ubani-ke iGama laKhe na?]

JOHANE 10:30

Mina noBaba wami simunye.

JOHANE 12:45

Obona mina ubona ongithumileyo.

JOHANE 14:8-9

UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.

UJesu wathi kuye, Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu na? ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi, Sikhombise uYihlo na?

JOHANE 20:27-28

Wayesethi kuTomase, Zisa lapha umunwe wakho; ubone izandla zami; futhi zisa isandla sakho, futhi usijake ohlangathini lwami: futhi ungabi-ngongakholwayo, kodwa okholwayo.

NoTomase waphendula wathi kuye, Nkosi yami noNkulunkulu wami.

IZENZO 2:38-39

UPetru wayesethi kubo, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiso sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, esabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.

IZENZO 4:12

Ayikho insindiso ngomunye: ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo.

IZENZO 8:12

Kepha bathi ukuba bakholwe nguFiliphu eshumayela ivangeli ngombuso kaNkulunkulu nangagama likaJesu Kristu, babhaphathizwa, abesilisa nabesifazane.

IZENZO 19:3-6

Wayesethi kubo, Pho nabhaphathizelwa kukuphi na? Base bethi, Kukho ukubhaphathiza kukaJohane.

UPawulu wayesethi, UJohane qiniso wabhaphathiza umbhaphathizo wokuphenduka, ethi kubantwi, mabakholwe nguyena obezakuba emva kwakhe, kungukuthi, kuKristu Jesu.

Bathi ukuzwa lokhu, babhaphathizwa egameni leNkosi uJesu.

Kwathi uPawulu esebekile izandla zakhe phezu kwabo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo; base bekhuluma ngezilimi, futhi baprofetha.

KWABASE-EFESU 4:5

Yinye iNkosi, yinye inkolo, munye umbhaphathizo,

KWABASEKOLOSE 3:17

Konke enikwenzayo noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu noYise ngaye.

I JOHANE 5:7

Ngokuba bathathu abafakazayo ezulwini, uBaba, iZwi, noMoya oNgcwele: nalaba abathathu bamunye.

UKUPHILA KAMUVA

JOHANE 5:28-29

NINGAMANGALI NGALOKHU:
NGOKUBA ISIKHATHI SIYEZA,
LAPHO BONKE ABASEMATHUNENI
BEYAKULIZWA IZWI LAYO,
FUTHI BAYAKUPHUMA; ABENZE
UKULUNGA, BAPHUMELE
EKUVUKENI KOKUPHILA; NABENZE
OKUBI, EKUVUKENI KOKULHLWA.

Kuza usuku lapho ngamunye wethu, noma ngabe umKristu noma ngokunye, oyothola khona ngqo ukuthi yini engaphesheya kwekhethini lesikhathi. IBhayibheli lithembisa ukuPhila okuPhakade kwabanye, futhi kwabanye, lithembisa ukulahlwa. Sonke isidalwa esingumuntu emlandwini wonke besizibuza ngempela, "Kuyokwenzekani kimi uma sengifa na?"

Kudala ngaphambi kokuba kuze kube khona iBhayibheli ukuba lifundwe, umprofethi uJobe waqaphela imvelo. Wakhuluma ngethemba lomuthi, ukuthi wawunqunywa kanjani bese ufa, nokho ngephunga lamanzi, uyaphekuka uphile bese ukhipha amahlumela amasha. UJobe wayazi ukuthi umuntu, njengomuthi, wayeyobuye futhi avukele ekuphileni:

Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na?

bengiyakulinda zonke izinsuku zomshikashika wami, kuze kufike ukumuka kwami.

Ubuyakubiza, mina ngiphendule: ubuyakulangazelela umsebenzi wezandla zakho.

Ngokuba manje uyabala izinyathelo zami: angaqapheli isono sami na? (Jobe 14:14-16)

UJobe angahle ukuba wayengenalo iBhayibheli ukuba alifunde, kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu ngolunye usuku uyomvusa ethuneni ngenkathi uMhlengi wesintu esivelile.

O sengathi amazwi ami manje angalotshwa! o sengathi angabhalwa encwadini!

Aqoshwe edwaleni ngepeni lensimbi nangomthofu edwaleni kuze kube-phakade.

Kepha mina ngiyazi ukuthi umhlengi wami ukhona, ekupheleni uyakuma emhlabeni:

*Nakuba emva kokuba izibungu zesikhumba sami zibhubhisa lomzimba, **nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu:** (Jobe 19:23-26)*

Umprofethi wayekhuluma ngeNkosi uJesu nokuvuka kwabantu baKhe. Ngesambulo uJobe wazi ukuthi nakuba imizimba yethu ingahle ibune iphele nya, uJesu uyobuyisela inyama yethu. Nangamehlo ethu uqobo, siyokubona ukuFika kwaKhe. Bonke ababantu bakaNkulunkulu bayakulangazelela ukubona lolosuku lwenkazimulo.

Nokho, njengokuqiniseke impela nje njengoba uNkulunkulu ekhona, likhona futhi nedemoni; futhi njengokuqiniseke impela nje njengoba likhona iZulu, sikhona futhi nesihogo. Izikhonkwane ziphakeme kunoma singacabangela. UmPhostoli uPawulu wakusho lokho, " *Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungangenanga enhliziyweni yomuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo.*" (I Kor. 2:9)

Imiqondo yethu ingekuqondisise ukuthi iZulu liyoba likhulu kanjani, futhi kanjalo ingekuqondisise ukwesabeka okukhulu kwesihogo. UJesu wasitshela ukuthi isihogo sibi kakhulu ukuthi bekungangcono uma sinquma ilunga lomzimba wethu kunokuzifaka engozini siya kuleyondawo esabekayo.

Futhi uma isandla sakho sikukhubekisa, sinqume: kungcono ungene ekuphileni uyingini, kunokuba nezandla zombili uye esihogweni, emlilweni ongacimekiyo: (Marku 9:43)

Ngakho ubani ozoya eZulwini na? Futhi ubani ozoya esihogweni na? Kungumcabango odabukisayo, kodwa uJesu wathi iningi labantu aliyukuwemukela umvuzo Athandayo ukwunikeza: *Ngenani ngesango elincane: ngokuba isango libanzi, nendlela inkulu, eyisa ekubhujisweni, futhi baningi abangena khona: Kepha isango lincane, nendlela iyingcingo, eyisa ekuphileni, futhi bayingcosana abayifumanayo.* (Math 7:13-14)

UJesu futhi wathi, " **Akusibo bonke abashoyo kimi ukuthi, Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu;** kuphela owenza intando kaBaba wami osezulwini. Abaningi bayakuthi kimi ngalolosuku,

Nkosi, Nkosi, asiprofethanga yini ngegama lakho na? sakhapha amademoni nangegama lakho na? senza imisebenzi eminingi yamandla nangegama lakho na? Khona ngiyakufakaza kubo ukuthi, Angizange nginazi: sukani kimi, nina benzi bokubi." (Math 7:21-23)

Ngenxa nje yokuthi umuntu uzisho ukuthi ungumKristu akuchazi khona ukuthi usindisiwe. Ngakho, lona ngumbuzo osobala emiqondweni yethu: Ngikwemukela kanjani ukuPhila okuPhakade na? UJesu wasinika impendulo elula kakhulu: *Ngqiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Ozwa izwi lami, futhi akholwe ngongithumileyo, unokuphila okungunaphakade, futhi akayikuza ekwahlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuphileni.* (Johane 5:24)

Ngeshwa, kunabantu abayingcosana kakhulu ezweni namuhla abathandayo ukuthatha isikhathi ezinsukwini zabo ezimatasatasa ukuba bezwe iZwi likaNkulunkulu. Futhi kukhona ngisho abayingcosanyana abayolikholwa iZwi uma beke balizwa.

Amabandla asitshela ukuba sibe ngumuntu olungileyo, sicabange ngokuyikho, singaqambi amanga, sikhohlise, noma sebe, futhi siyoya eZulwini. Awaqondi ukuthi isihogo siyogcwala abantu ababonakala bephila izimpilo ezilungileyo. Into ekhona impela ngukuthi asiyikuya eZulwini ngenxa yemisebenzi yethu elungileyo noma ngoba siyilunga lebandla elithize. Yinye kuphela indlela yezinyawo eya ekuPhileni okuPhakade, naleyo ingoJesu Kristu. Wasiyala ukuthi sifanele siKHOLWE iZwi laKhe, eliyiBhayibheli. Kungenjalo, besingasindiswa kanjani na?

Nxa usuku lokwahlulelwa selukufikela, ngabe uyozwa, “Zanini, nina enibusisiwe nguBaba wami, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba,” (Math 25:34) noma ngabe uyozwa, “Dedani kimi, nina-baqalekisiweyo, niye emlilweni ongunaphakade, olungiselwe udeveli nezingelosi zakhe”? (Math 25:41)

Njengoba amehlo akho efunda ngokuvundla lamazwi, unokuzikhethela ukuba ukwenze: Ungakhetha ukukholwa iZwi likaNkulunkulu na?

Uyolichithaphi iphakade na?

Izinkomba

JOBE 14:12-16

*Kanjalo umuntu ulala phansi, angabe esavuka: aze angabikho amazulu, abayikuvuka, abayikuphaphanyiswa ebuthongweni babo.
O sengathi ungangifihla endaweni yabafileyo, ungisithe, kuze kudlule intukuthelo yakho, unginquemele isikhathi, futhi ungikhumbule!
Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na? bengiyakulinda zonke izinsuku zomshikashika wami, kuze kufike ukumuka kwami.
Uyakubiza, mina ngiyakukuphendula: ubuyakulangazelela umsebenzi wezandla zakho.
Ngokuba manje uyabala izinyathelo zami: ungaqapheli isono sami na?*

JOBE 19:23-26

*O sengathi amazwi ami manje angalotshwa! o sengathi angabhalwa encwadini!
Aqoshwe edwaleni ngepeni lensimbi nangomthofu edwaleni kuze kube-phakade!
Kepha mina ngiyazi ukuthi umhlengi wami ukhona, ekupheleni uyakuma emhlabeni:
Nakuba emva kokuba izibungu zesikhumba sami zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.*

MATHEWU 7:21-23

*Asibo bonke abashoyo kimi ukuthi, Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu; kuphela owenza intando kaBaba wami osezulwini.
Abaningi bayakuthi kimi ngalolosuku, Nkosi, Nkosi, asiprofethanga yini ngegama lakho na? sakhipha amademoni nangegama lakho na? senza imisebenzi eminingi yamandla nangegama lakho na?
Khona ngiyakufakaza kubo ukuthi, Angizange nginazi: sukani kimi, nina benzi bokubi.*

MATHEWU 22:14

Ngokuba baningi ababiziweyo, kepha bayingcosana abakhethiweyo.

JOHANE 3:16-17

*Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okungunaphakade.
Ngokuba uNkulunkulu kayithumanga iNdodana yakhe ezweni ukuba yahlulele izwe; kodwa ukuba izwe lisindiswe ngayo.*

JOHANE 5:24

Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Ozwa izwi lami, futhi akholwe ngongithumileyo, unokuphila okungunaphakade, futhi akayikuza ekwahlulelweni; kepha wedlulele ekufeni wangena ekuphileni.

I KWABASEKORINTE 2:9

Kepha njengokuba kulotshiwe ukuthi, Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungangenanga enhliziyweni yomuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo.

I KWABASETHESALONIKA 4:13-18

*Kepha angithandi ukuba ningabi-nakwazi, bazalwane, ngabalalayo, ukuze ningabuki, ngisho njengabanye abangenalo ithemba.
Ngokuba uma sikholwa ukuthi uJesu wafa wabuye wavuka, ngokunjalo-ke uNkulunkulu uyakubaletha nabaleleyo kuJesu kanye naye.
Ngokuba lokhu sikusho kini ngezwi leNkosi, ukuthi thina esisekhona sisasele kuze kube-sekufikeni kweNkosi asiyikubandulela abaleleyo.
Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhloko, ngephimbo lengelosi enkulu, nangecilongo likaNkulunkulu: nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala:
Khona thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, ukuba sihlangebeze iNkosi emoyeni: kanjalo-ke siyakuba-nayo iNkosi njalo.
Ngakho-ke duduzanani ngalawamazwi.*

ISONO sasekuQaleni

GENESISI 3:1

MANJE INYOKA YAYINOBUQILI KUNAZO ZONKE IZILWANE ZASENDLE EBIZENZILE INKOSI uNkulunkulu. FUTHI YATHI KOWESIFAZANE, YA, NGEMPELA uNkulunkulu USHILO YINI UKUTHI, NINGADLI EMITHINI YASENSIMINI NA?

GENESISI 3:6-7

FUTHI OWESIFAZANE EBONA UKUTHI UMUTHI ULUNGELE UKUDLIWA, NOKUTHI UYABUKEKA EMEHLWENI, NOKUTHI UMUTHI UNXANELEKILE EKHULAKANIPHISENI, WATHATHA ISITHELO SAWO, WAYESEDLA, WANIKA NENDODA YAKHE KANYE NAYE; YAYISIDLA. AYESEVULEKA AMEHLA ABO BOBABILI, FUTHI BAZI UKUTHI BABEHAMBA-ZE; BASE BETHUNGA AMAQABUNGA OMKHIWANE, BASE BEZENZELA IZIBHINCO.

GENESISI 3:14-15

NENKOSI uNkulunkulu YATHI ENYOKENI ENOBUQILI, NJENGOKUBA USUKWENZILE LOKHU, UQALEKISIWE PHEZU KWEZINKOMO ZONKE, NAPHEZU KWAZO ZONKE IZILWANE ZASENDLE; UZAKUHAMBA NGENISU SAKHO, FUTHI UDLE UTHULI IZINSUKU ZONKE ZOKUHAMBA KWAKHO:

FUTHI NGIZAKUBEKA UBUTHA PHAKATHI KWAKHO NOWESIFAZANE, NAPHAKATHI KWENZALO YAKHO NENZALO YAKHE; YONA IYAKUCHOBOZA IKHANDA LAKHO, FUTHI WENA UYAKULIMAZA ISITHENDE SAYO.

Lesi yisono sokuqala esiqoshwe eBhayibhelini. Esinokuhlakanipha kakhulu kunazo zonke izilwane, inyoka enobuqili, “yakhohlisa” uEva ekudleni ucezu lwesithelo esinqatshelwe. Wasidla wayese-ke esesinika indoda yakhe, esababangela ukuba baqonde ukuthi babehamba-ze.

Imibuzo esobala ingukuthi: Ingakhuluma kanjani inyoka na? Lihlangene ngani iapula nokuhamba-ze na? Futhi, ingenaphi inzalo yenyoka enobuqili kukho konke lokhu na?

IBhayibheli lithi inyoka enobuqili yayino “buqili” obukhulu kunazo zonke izilwane. Yayifana kakhulu nomuntu, ngangokuthi yayikwazi ukuhamba, ukukhuluma, futhi inayo ngisho nengxoxo enobuhlakani. Emva kokuba isikhohlise umka Adamu, uNkulunkulu wayiqalekisa ukuba ibe yinyoka ehuquzelayo, kodwa hhayi ngaphambi kokuba umonakalo wenziwe nenzalo yatshalwa.

IBhayibheli liyasho kuGenesisi 3:15 ukuthi inyoka enobuqili yayinenzalo, futhi uNkulunkulu wabeka *ubutha* phakathi kwezinzalo



ezimbili. Ngokusobala, inzalo yenyoka enobuqili yalumbana nenzalo kaEva yemvelo ngaphambi kokwehlukana. Kwakungenzeka kanjani konke lokho kube ngumphumela wokudla iapula na? Manje-ke, amavesi ambalwa kamuva, "UAdamu wamqamba umkakhe igama lokuthi uEva; ngokuba waba-ngunina wabo bonke abaphilayo." Qaphelani ukuthi akusho ukuthi uAdamu wayenguyise wabo bonke abaphilayo.

Kune "zithelo" ezehlukene eBhayibhelini. Kusobala, kunesithelo sangempela, njenge apula, esimilayo futhi sidlelwa ukuba sibe ngukudla. Kukhona futhi isithelo esibhekiselwe emisebenzini yethu, noma ngabe imisebenzi yemvelo njengokulima nebhizinisi, noma imisebenzi yokomoya njengokwenza izimangaliso nokushumayela iVangeli. Bese-ke, kunesithelo sesizalo, esibhekiselwe ekukhulelweni nasekuzaleni umntwana.

Ngabe ukudla isithelo sangempela kwakunganika uAdamu noEva ukuqonda ukuthi babehamba-ze na? Noma, ngabe kwakungathatha ubudlelwane bangokomzimba phakathi kowesilisa nowesifazane ukuba bona baqonde ukuthi kungani babefanele bamboze izitho ezithize zemizimba yabo na?

Kwenzekani ngempela ngalolosuku eNsimini ukubangela sonke isintu ukuba siwe na?

*Njengoba iNzalo yowesifazane
yayinguNkulunkulu ngempela ephinda
eziveza qobo lwaKhe enyameni yomuntu,
kanjalo inzalo yenyoka enobuqili iyindlela
yengempela uSathane athola ngayo ukuthi*

*wakwazi ukuzivulela umnyango esintwini.
Kwakungenakwenzeka ukuba uSathane
(ngokuba kuphela uyisidalwa somoya
esiDALIWEYO) ukuba aphinde aziveze qobo
lwaKhe ngendlela uNkulunkulu aphinda
waziveza qobo lwaKhe, ngakho indaba
kaGenesisi iyasho ukuthi wayiveza kanjani inzalo
yakhe wayesethula noma wazijovela esintwini.
Futhi khumbula ukuthi uSathane ubizwa
nge "nyoka enobuqili." Yinzalo yakhe noma
ukujoyovela esintwini esikhuluma ngakho.*

*Ngaphambi kokuba uAdamu aze abe nokwazi
kwenyama kukaEva, inyoka enobuqili yayibe
nalokho kwazi ngaphambi kwakhe. Nalowo
owazalwa yiyo wayenguKayini. UKayini waba
ngowalowo (wazalwa ngo, watholwa ngo)
"OMubi," I Johane 3:12.*

*...Iqiniso lendaba lingokuthi uEva esizalweni
sakhe wayenamadodana AMABILI (amawele)
ekumitheni OKWEHLUKENE. Wayethwele
amawele, enokukhulelwa uKayini mhlampe
ngaphambilini kokuka Abela.*

Izinkomba

GENESIS 3:6-7

Futhi owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha isithelo sawo, wayesedla, wanika nendoda yakhe kanye naye; yayisidla.

Ayesevuleka amehlo abo bobabili, **futhi bazi ukuthi babehamba-ze**; base bethunga amaqabunga omkhiwane, base bezenzela izibhingo.

[Babengazi kanjani ukuthi babehamba-ze ngokudla ucezu lwesithelo na?]

GENESIS 3:13-15

NeNKOSI uNkulunkulu yathi kowesifazane, Yini lokhu okwenzileyo na? Nowesifazane wathi, **Inyoka enobuqili ingikhohlisile**, ngase ngidla.

NeNKOSI uNkulunkulu yathi enyokeni enobuqili, Njengokuba usukwenzile lokhu, uqalekisiwe phezu kwezinkomo zonke, naphezu kwazo zonke izilwane zasendle; uzakuhamba ngesisu sakho, futhi udle uthuli izinsuku zonke zokuhamba kwakho:

Futhi ngizakubeka **ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe**; yona iyakuchoboza ikhanda lakho, futhi wena uyakulimaza isithende sayo.

[Inyoka enobuqili yayinenzalo. Kusobala, lokhu akubhekisiwe enyokeni.]

GENESIS 3:20

UAdamu wamqamba umkakhe igama lokuthi uEva; ngokuba **waba-ngunina wabo bonke abaphilayo**.

[Kungani uAdamu engabizwa ngoyise wabo bonke abaphilayo na?]

GENESIS 4:1-2

Futhi uAdamu wamazimazi umkakhe uEva; futhi wakhulelwa, futhi wazala uKayini, wayesethi, **Ngitholile indoda eNKOSINI**.

Waphinda wazala uAbela umfowabo. Futhi uAbela waba-ngumalusi wezimvu, kepha uKayini waba-ngumlimi womhlabathi.

[Konke ukuphila kuvela kuNkulunkulu, noma kukhulelwe ngokomthetho noma ngokungekho ngokomthetho. USathane angekudale ukuphila.]

LUKA 3:38

Owayeyindodana kaEnose, owayeyindodana kaSeti, owayeyindodana kaAdamu, owayeyindodana kaNkulunkulu.

[Liphi izibulo elinguKayini ozalweni lukaAdamu na?]

I]JOHANE 3:12

Kungabi-njengoKayini, owaba-ngowalowo omubi, futhi wabulala umfowabo. Futhi wambulalelani na? Ngokuba imisebenzi yakhe uqobo yayimibi, kepha eyomfowabo yayilungile.

[UNkulunkulu wadala uAdamu ngomfanekiso waKhe uqobo. Bavelaphi ububi bukaKayini, futhi kwavelaphi ukulunga kukaAbela na? Izingxenyane zabo ezingehlukaniseki zathathelwa koyise.]

JUDA 1:14

NoEnoke naye, engowesikhombisa kusukela kuAdamu, waprofetha ngabo, wathi, Bheka, iNkosi ifika nabangcwele bayo abayizinkulungwane eziyishumi,

[Akukho ndawo eBhayibhelini uKayini esozalweni luka Adamu.]



USuku Olwesabekayo LweNkosi

MALAKI 4:1

NGOKUBA, BHEKANI, LUYEZA

USUKU, LUVUTHA NJENGEZIKO...

MALAKI 4:5-6

BHEKANI, NGIYAKUTHUMA KINI UELIJA UMPROFETHI LUNGAKAFIKI USUKU LWENKOSI OLUKHULU NOLWESABEKAYO:

FUTHI UYAKUPHENDULELA INHLIZIYO YAWOYISE KUBANTWANA, NENHLIZIYO YABANTWANA KOYISE, FUNA NGIFIKE FUTHI NGISHAYE IZWE NGESIQALEKISO.

INcwadi yokucina yeTestamente eliDala yethembisa ukubhujiswa kwezwe. Kodwa ngaphambi kokuphela, uElija umprofethi ubikezelwe ukuba abuye futhi ethule uMesiya. Abanye bathi uJohane umBhaphathizi wasigcwalisa lesisiprofetho.

Eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, amaJuda ayebheke uMesiya ukuba afike. Ayazi ukuthi uMalaki waprofetha ukuthi indoda enomoya kaElija yayiyokwethula uMesiya kuwo. Kodwa ngenkathi uJohane umBhaphathizi efika, wayengesikho lokho ayebheke ukuthi uElija abe yikho. Ngenkathi ebuza uJesu ukuthi kungani uElija wayengafikanga kuqala, Wawatshela ngokuchachile ukuthi uJohane wayengukugcwaliseka kwaleso siprofetho: *“Futhi uma nivuma ukukwamukela, lo unguEliyase, obezakufika.”* (UEliyase ukwakheka kwesiGriki kwegama lesiHeberu, uElija.)



Kwakuyiqembu elincane kuphela labantu abemukela lesisambulo. Eningini labaholi bezenkolo, uJohane wayengengaphezu komgxeki oshisekele ngokweqile wezinhlango zabo. Akusikho kuphela ukuthi abawuqondanga umoya kaElija, kodwa okubi kunakho konke, bakugeja futhi ukuFika kukaKristu.

Kanjalo ngabe uJohane umBhaphathizi wagcwalisa isiprofetho sikaMalaki na? Hhayi ngokupheleleyo.

Okokuqala nje, izwe alika “vuthi njengeziko” nokho, ngakho siyazi ukuthi okungenani ingxenye kaMalaki 4 isazokwenzeka. Enye ingxenye yomBhalo engagcwaliswanga nguJohane yayingukuthi, “aphendulele inhliziyi yabantwana koyise.” Futhi, uJesu, qobo lwaKhe, waprofetha ukuthi uElija u (inkathi ezayo) yeza futhi uyakubuyisela konke. (Math 17:11)

Ngakho-ke sifanele ukufuna uElija ngaphambi kokuFika kwesiBili kukaKristu!

Manje, kulolusuku lwamanje, yisikhathi sokuFika kwesiBili kweNkosi uJesu. Futhi, sithenjiswa ukuthi umoya kaElija uyoMethula kithi ngokukaMalaki 4. Kodwa qembu lini labantu eliyomqonda uElija uma efika na? Kuphela labo abambhekile.

LamaZwi eNkosi yethu noMsindisi afika emqondweni uma sicabanga ngesiprofetho sikaMalaki salamahora okuvala esikhathi:

Kepha ngithi kini, UEliyase sewafika vele, abamazanga nokho...

Mathewu 17:12



Uma-ke sikugeja lokhu ukufika kukaElija na?
Ngabe siyokugeja-ke yini ukuFika kwesiBili
kukaKristu, njengababhali nabaFarisi
bageja ukuFika kokuQala kwaKhe ngoba
abamqondanga uJohane umBhaphathizi na?



Izinkomba

II AMAKHOSI 2:15

*Futhi esembonile amadodana abaprofethi aseJeriko, athi, **Umoya kaElija uhlezi phezu kukaElisha.** Futhi afika ukumhlangabeza, ayesekothamela phansi phambi kwakhe.*

ISAYA 40:3-4

Izwi lomemezayo ehlane lithi, Lungisani indlela yeNKOSI, nihlelemba oqwathuleni umgwaqo omkhulu kaNkulunkulu wethu.

Zonke izigodi ziyakuphakanyiswa, nazo zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa: namagebhugebhu ayakuhlelenjwa, nemigoxigoxi iyakuba-yithafa: [UJohane umBhaphathizi]

MALAKI 3:1

*Bhekani, Ngiyakuthuma isithunywa sami [uJohane umBhaphathizi], futhi **siyakulungisa indlela phambi kwami:** neNkosi, eniyifunayo, iyakufika ngokuzumayo ethempelini layo, ngisho nesithunywa sesivumelwano, enithokoza ngaso: bheka, siyeza, isho iNKOSI yamabandla.*

MALAKI 4:1-6

*Ngokuba, **bhekani, luyeza usuku, luvutha njengeziko** [akukenzeki nokho]; nabo bonke abazidlayo, yebo, nabo bonke abenza okubi, bayakuba ngamabibi: futhi luyakubashisa lolosuku oluzayo, isho iNKOSI yamabandla, lungabashiyeli-mpande nagatsha.*

Kepha kinina enilesaba igama lami kuyakuphuma iLanga lokulunga linokuphilisa emaphikweni alo; futhi niyakuphuma, futhi nitshekule njengamathole esibaya.

Futhi niyakunyathela phansi ababi; ngokuba bayakuba-yimilotha phansi kwamathe ezinyawo zenu ngosuku engenza ngalo lokhu, isho iNKOSI yamabandla.

Khumbulani umthetho kaMose inceku yami, engamjala ngawo eHorebe ngaye wonke ulsrayeli, waba-yizimiso nezahlulelo.

Bhekani, Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi lungakafiki usuku tweNKOSI olukhulu nolwesabekayo:

*Futhi **uyakuphendulela inhliziyo yawoyise kubantwana** [uJohane umBhaphathizi], **nenhliziyo yabantwana koyise** [uElija wamanje], funa ngifike futhi ngishaye izwe ngesiqalekiso.*

MATHEWU 11:10

*Lo unguye, okulotshwe ngaye ukuthi, **Bheka, ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bakho, esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.** [Malaki 3:1, uJohane umBhaphathizi]*

MATHEWU 11:14

***Futhi uma nivuma ukukwamukela, lo unguEliyase, obezakufika.** [UJohane umBhaphathizi]*

MATHEWU 17:11-12

*NoJesu waphendula wathi kubo, **Nempela uEliyase uyeza kuqala, futhi uyakubuyisela konke.** [UElija wamanje]*

***Kepha ngithi kini, UEliyase sewafika vele, abamazanga nokho, kodwa benza kuye abakuthandayo. Kanjalo neNdodana yomuntu iyakuhushwa yibo.** [UJohane umBhaphathizi]*

LUKA 1:17

Futhi uyakuhamba ngaphambi kwayo emoyeni nasemandleni kaEliyase, ukuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana, nabangalaleliyo ekuhlakanipheni kwabalungileyo; ukulungisela iNkosi isizwe esilungiselweyo. [UJohane umBhaphathizi]

AMAHEBERU 4:12

NGOKUBA IZWI LIKANKULUNKULU
LIPHILILE, FUTHI LINAMANDLA, FUTHI
LIBUKHALI KUNEZINKEMBA ZONKE
EZISIKA-NHLANGOTHI ZOMBILI,
LIHLABA KUZE KWAHLUKANISWE
UMPHEFUMULO NOMOYA, NAMALUNGU
NOMNKANTSHA, FUTHI LAHLULELA
IMICABANGO NEZIZINDLO ZENHLIZIYO.

Nezimfundiso eziningi kangaka, amahlelo, nezinkoloze kulelizwe lamanje, lingena kuphi ikholwa leqiniso na? Ukuba uPetru, uJakobe, noJohane babelapha emhlabeni namuhla, hlelo lini ababeyolijoyina na? Ngabe izimangaliso zazisayolokhu zilandela inkonzo yabo noma babeyozisho ukuthi lezozinsuku sezedlule kudala na? Ngabe babeyoxegisa ngombhaphathizo na? Ngabe babeyolandela imfundiso yabo yebandla ngisho nakuba ithe ukuchezuka kancane eZwini na? Ngabe babeyokholwa iBhayibheli, noma babeyokholwa abafarisi nabaSadusi banamuhla na?

Zibuze lombuzo: Ukuba uJesu Kristu ubelapha namuhla, ubuyoshiya konke ukuba uMlandele na? Ubuyolikhholwa iZwi laKhe na?

Ukunike ithuba elifanayo Alinika abafundi baKhe. Ubeke lencwajana esandleni sakho ukuba akukhombe emuva

eZwini laKhe, iBhayibheli laKhe. Uzoxegisa na?

Besilisa nabesifazane, bangani, niyaqonda ukuthi uNkulunkulu waseZulwini owavusa uKristu Jesu kwabafileyo, Akafile kodwa Uyaphila. Futhi uma Aligcina iZwi laKhe kuDavide, uma Aligcina kuElija, uma Aligcina kuMose, uma Aligcina kubantwana bamaHeberu, uma Aligcina ku-kuDanyeli, Uyoligcina kuwe nami.



UNGATHANDA UKWAZI OKUNYE FUTHI NA?

www.umlayezo.org

noma

VOICE OF GOD RECORDINGS

SOUTH AFRICA OFFICE

58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140

WESTERN CAPE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



IMFIHLAKALO KAN KULUNKULU

ISAMBULO 10:7

www.umlayezo.org

VOICE OF GOD RECORDINGS
SOUTH AFRICA OFFICE

58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140
WESTERN CAPE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZULU